

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMNGCWABENI  
WABANTU ABANGU-6 ABASHONE ENGOZINI YOMGWAQO, ENANDA,  
ETHEKWINI, 10 JANUARY 2016**

- Mphathi wohlelo;
- Abefundisi;
- Ubuholi bukamasipala weTheku;
- Ubuholi be-ANC kwisifunda seTheku;
- Amakhansela;
- Abemele imiNyango kaHulumeni;
- Ngokukhethekile ngibingelele imindeni elahlekelwe;
- Abazalwane bonke;

Bazalwane ngisukuma nomyalezo wenduduzo kanye nokuzwelana nani njengemindeni elahlekelwe egameni likaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal kanye nasebuholini be-ANC kulesi sifundazwe.

Ubukhona bethu kule nkonzo kungenxa yokuthi njengoHulumeni nenhlangano ebusayo sikholelwa kakhulu ekutheni kumele sibe kanye nabantu ngaso sonke isikhathi uma besosizini.

Size lapha ukuzobhonga emswanini, sikhalisane kanye nani mndeni nezihlobo, esaziyo ukuthi nina nilahlekelwe kakhulu ngoba siyazi ukuthi kuxebuke inyama futhi kuvuleke igebe elikhulu ezimpilweni zenu.

Njengoba sihlange lapha kule nkonzo yokuphelezela izihlobo zenu, wuhlelo lokuqala lolu lokuthi sikwazi ukuhlanganyela nabantu kulo nyaka njengoMnyango wezokuThutha.

Okubi wukuthi lokhu kusehlela nje bengikhuleka ngingaphezi ukuthi uma sibuya emaholidini, umsebenzi wami wokuqala omkhulu ungabi ngezangozi noma ngokudlula kwemiphefumulo emgwaqeni.

Nokho sithi sicabanga sihlela thina njengabantu basemhlabeni noNkulunkulu usuke ehlela ngendlela yakhe – ngakho ke usithwese umsebenzi wokuthi namuhla kuzomele sibe la eNanda ukuzoduduza lo mndeni olahlekelwe.

Akekho phakathi kwenu njengomndeni nezihlobo obazi ukuthi njengoba kukhulunywa kangaka ngezangozi zomgwaqo ngesikhathi samaholidi kaKhisimusi, kungenzeka nani nibe yingxenywe yabantu abazolahlekelwa.

Noma inhloso yethu enkulu kuwukuzoduduza imindeni esuke ilahlekelwe uma sekwenzeke ingozi, kodwa siye sixolise ngokuthi kuthina kumqoka ukusebenzisa inkonzo yalolu hlobo ukululeka nokuqwashisa labo abasuke besaphila ngobumqoka bokuphepha emgwaqeni kanye nokugcinwa komthetho.

Lokhu siye sikwenze hhayi ngoba sibukela phansi ubuhlungu enibhekene nabo kodwa ngoba kungumsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuthi thina esisele akekho phakathi kwethu ozophinde abe yisisulu sezingozi.

Okumqoka wukuthi sikwazi nokwakha amanxusa phakathi kwenu okuphepha nabantu abazophuma bashumayele ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

Kulo msebenzi engiphathiswe wona woMnyango wezokuThutha ngiye ngizibuze ukuthi ngabe iyona ndlela uNkulunkulu angivivinya ngayo yini ukuthi njalo ngihlale ngibhekana nemindeni esosizini nelahlekelwe yizihlobo zayo.

Ubuhlungu obukhulu obokuthi kwawena uvela kuHulumeni akukho sizo osuke ungeza nalo lukwazi ukuvala isikhala sokuthi umndeni ulahlekelwe ubaba noma umama obewusizo futhi eneqhaza lakhe alibambile.

Yingakho umkhankaso wethu ukusuka manje uzogxika kakhulu nasemakhaya kanye nasemindenini ukuthi uma nje nihamba ngemoto niwumndeni kungakanani ukuqikelela nokuqinisekisa ezokuphepha.

Uma sikhuluma ngokuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wawo wonke umuntu (Road safety is our collective responsibility) – ngabe nina qhaza lini umndeni nomndeni ongalibamba.

Lokhu ngikugcizelela ngoba noma zingafundisa izikole zokushayela kodwa imfundo yangempela wonke umuntu uyithola ekhaya, ngakho sithi akeyiqale ekhaya indaba yokuphepha manje – nithi nihleli nje ekhaya kenikhuzane nodwa uma kukhona njalo othola amathikithi.

Nikhuzane uma kukhona ofika njalo edakiwe kodwa ebe ehamba ngemoto.

Kumele ubaba noma umama uma kukhona nje ophule umthetho womgwaqo babeke isijezo ukuthi lendaba yokuphepha emgwaqeni siyenze ibe yisiko lethu njengemindeni nomphakathi.

Ukuphepha kwabantwana nokusetshenziswa kwezihlalo zokuvikela izingane ezimotweni – ukufundisa izingane ukuwela umgwaqo kanye nokungavumeli izingane zithathe izimoto zenu ekubeni zingakabi nazo izincwadi. Lezi ngezinye zezinto okumele siziqinise uma sibheka iqhaza lomndeni nomndeni ekutheni sigcine sikwazile ukuqeda izingozi zomgwaqo.

Okubi kakhulu wukuthi indlela okwenzeka ngayo yithina sizwe esimnyana esibonakala singenayo imfundiso futhi sibukela phansi imithetho yezwe. Isibalo sabantu abaningi abashona ezingozini ngenxa yamaholidi kuba ngabantu bendlu emnyama. Lokhu kumele kusenze sizinuke amakhwapha futhi sizihluphe ngokuthi kwakhala nyonini kuthina bantu abamnyama.

Lokhu kusenza izinhlekisa nakubantu bezinye izizwe – abanye abamhlophe abakwi-DA baze basithuke basibize ngezinkawu ngenxa yendlela nathi esiziphethe ngayo.

Yingakho namuhla ngiphonsela inselelo wonke umuntu okule nkonzo ukuthi makaphume kukhona isibophezelo asenzile ukuthi egameni labasishiyile ngeke yena aphule umthetho womgwaqo futhi ngaso sonke isikhathi uyoqikelela ukuphepha kwabantu.

Njengoba sihlangele lapha sisuka esikhathini samaholidi lapho sibone khona isibalo esiphezulu sezimoto kanye nezivakashi zitheleka esifundazweni sethu.

Okubi wukuthi nangalo nyaka isibalo sabantu abafe ezingozini zomgwaqo siphezulu kakhulu njengoba kufe abantu abangaphezulu kuka-229 ezingozini ezingiphezulu kuka-200.

Yize izinkomba zikhomba ukuthi izingozi zehle ngo-14% uma kuqhathaniswa neminyaka edlule kodwa sisakhala ngokuthi lesi sibalo siphezulu kakhulu, uma ubheka ukuthi sikhuluma ngenyanga eyodwa.

Okubuhlungu kakhulu wukuthi zonke lezi zingozi zingenxa yobudedengu babashayeli, okuyibona abashayela bephuzile, abahamba ngejubane eleqile nabahamba ngezimoto ezingekho esimweni.

Kulesi sikhathi samaholidi kubanjwe abashayeli abangaphezulu kuka-444, kwaphinde kwaboshwa abangu-38 ngamacala okuhamba ngejubane eleqile kakhulu emgwaqeni.

Ihlazo elikhulu elokuthi kuboshwe abantu abangaphezulu kuka-3 900 ngokushayela bengenazo izincwadi zokushayela kanti kuboshwe abangu-3 800 ngokushayela bengawafasile amabhande.

Lezi zibalo zikhombisa ngokusobala ukuthi phezu kokushumayela mihla namalanga ivangeli lokuphepha emgwaqeni kodwa abantu bayaqhubeka nokwenza izinto eziphambene nomthetho.

Thina njengoHulumeni siwenzile owethu umsebenzi njengoba sisigcinile isibophezelo sokutshala amaphoyisa angaphezulu kuka-26 000 futhi umkhankaso wethu ubonakale uthela izithelo.

Ngifisa ukuwethulela isigqoko amaphoyisa ngomsebenzi omuhle awenzile ngoba amanye ancamele ukungayi ngisho emaholidini ngoba enenhloso yokuphephisa izimpilo zabantu.

Amanye amaphoyisa ethu adele izimpilo zawo, asebenza imini nobusuku nangaphansi kwezimo ezibucayi ngoba ehlose ukusindisa nina kanye nabo bonke abasebenzisa umgwaqo.

Uhlelo oludidiyelwe oluhlanganisa amaphoyisa akwa-SAPS, RTI, awomasipala kanye nawakwa-RTMC, lubonakale luthela izithelo futhi sizozhubeka nokuluqinisa ukuze sande isibalo sabantu abajeziswayo ngokuphula umthetho.

Yingakho amaphoyisa emise izimoto ezingaphezulu kuka-210 000, azihlola, abheka nabashayeli ukuthi bakulungele yini ukuba semgwaqeni.

Ngifisa ukuxwayisa ukuthi njengoba kungunyaka ka-2016 uhlelo lwe-Aarto luyaqala, okusho ukuthi intshe selizogaya ngomunye umhlathi njengoba abantu sebezophucwa amaphuzu futhi baphucwe namalayisensi okushayela uma bephula umthetho bephindelela.

Ziningi ezinye izinhlelo zomthetho esizibhekayo ngenhloso yokuthi siqinise isandla kulabo abaphula umthetho ngoba sifisa nokuthi bangawatholi amabheyili labo ababanjwa bephuzile.

Sizophinde sivuselele futhi siqinise umkhankaso wethu ka-Operation Valingozi – lapho sizophuma khona siye kuyona yonke imikhakha ukunxenxa ukuthi sonke sibambisane ukugcina umthetho.

Sizophinde sandise nesibalo samaphoyisa omgwaqo njengoba sihlela ukuthi sithathe amaphoyisa amasha angu-90 ekolishi lakwa-Road Traffic Inspectorate (RTI).

Lokhu kuhambisana nokuthi phakathi kokungenelela kwethu, wukuqinisa uhlelo lokulwa nenkohlakalo ezikhungweni zokufundisa ukushayela.

Konke lokhu sikwenza ngoba sizimisele ukuthi ngakolwethu uhlangothi sikwazi ukwenza umnikelo ukuze sivikele izimpilo zabantu ngoba sizibophezele ukulwa nesihlava sokufa kwabantu.

Uma sibuya sibheka kule ngozi esihlangene ngayo namuhla eyenzeke lapha ku-N2 eMkhomazi, angifisi ukuthi sigxile kakhulu kwimininingwane nokwenzeka kwayo kodwa okumqoka wukuthi uphenyo selwenziwe futhi ochwepheshe basaqhubeka nokucwaninga.

Angifisi ukusebenzisa le nkonziso ukuthi kube khona esimkhomba ngeminwe mayelana nembangela yale ngozi kodwa kusicacele ukuthi ukhona umshayeli obe sephutheni.

Nokho siyafisa ukuthi noma kunjalo niduduzeke futhi nithobeke amanxeba futhi niqine ngoba akekho obehlelile ukuthi kuzoba nalo mshophi.

Sengathi ningalala ngenxeba futhi nithobeke kulesi sikhathi esinzima enibhekene naso.

Ngiyabonga